

Speech by MEC Nkonyeni upon the occasion of the
launch of Voluntary Counselling and Testing at
Bhekulu, Vryheid

26 January 07

Kuyintokozo enkulu kimina ukubona kugcwele intsha kulomcimbi.

Namhlanje igqikithi yendaba engiyiphethe iqonde ngqo kubantu abasebancane balesifundazwe saKwaZulu Natal.

NgolwesiThathu lolu esiphuma kulo, esibhedlela sase Wentworth siqalise ngomkhankaso wokugqugquzela abahlali balelilwe ukuthi baphume ngobuningi babo beyohlolela igciwane lengculazi.

Lomkhankaso siwenza ngokubambisana nabaphathi kanye nabasakazi be **KHOZI FM** ikakhulu uMenenja umnu Welcome Bhodloza Nzimande.

Siqoke ukusebenzisana nalomsakazo njengoba sibonile ukuthi uyakwazi ukunakekela abalandeli bawo abangaphezu kwezigidi eziyisithupha.

Mina qobo lwami ngalo ulwesithathu ngikwenzile lokuhlolwa njengoba ngibona kubalulekile ukuthi ngazi ukuthi isimo sempilo yami sime kanjani.

Kuyiqiniso elingeke liphikwe muntu ukuthi laba abazohlola namhlanje bathole ukuthi abakangenwa yileligciwane, bazoshintsha indlela abaphila ngayo, baqinisekise ukuthi lingabe lisabathola nangephutha.

Ngokunjalo nalabo abathi uma sebezihlola bathole ukuthi baphila nalo leligciwane, thina sinikeza isiqinisekiso sokuthi usizo lukhona futhi sifuna bazi ukuthi zikhona izihlelo esinazo zokubhekelela ukuthi bayaqhubeka baphile impilo egcwele.

Ngizobeka ngingathandabuzi ukuthi imali yokulwisana nalombulalazwe sinayo njengoba uma ubheka uzothola ukuthi ngonyaka ka 2000 sabe sisebenzisa imali engu R35 million, kodwa manje esesiyikhuphule yaze yafinyelela kusamba esingu R800 million kulonyaka.

Umphakathi mawazi namahlanje ukuthi kwabona laba asebaphila nalo leligciwane futhi asebaqalisile ngemishanguzo, thina sibanikeza ama Nutritional food packs njengoba kuyindlela esiyisebenzisayo

ukuqikelela ukuthi imithi yabo bayidla ngendlela abalulekwe ngayo. Lokudla futhi sikukhiphela ukubhekelela ukuthi laba abagulayo impilo yabo iyabuyela kulena abayijwayele.

Umkhankaso lona esiphezu kwawo ngifuna ukusho ukuthi siwususe ngoba sibona ukuthi sincane kakhulu isibalo sabahlali balelizwe abazisukumelayo beze phambili bazohlola. Eqinisweni eliphelele abantu esibazi kahle ukuthi bame kuphi ngabomama abasuke behambele imitholampilo yethu ngabe sebezithwele, behambela ama Antenatal classes.

Izwe liphela, phakathi kwezinyanga zika **March 2005** kuya ku **April 2006** bangu **1,7 million** abahlali abazisukumele beza bezohlola. Kulesibalo bangu **310 215** abakulesifundazwe abahlolile. Loku ke kuyihlazo uma ubhekisisa ukuthi iKwaZulu Natal inabantu abevile ku **10, 5 million**.

Kuso lesikhathi esikhuluma ngaso abantu be District yase Zululand bangu **20094** abeza bezokwenziwa I Counselling kodwa abagcina behloliwe bangu **18046**.

Bakwethu uma siqhuba kanje kuyacaca ukuthi sisekude ekunqobeni lempi yalombulalazwe. Kufana nokuthi siyaphupha uma sithi sizimisele ngokusebenzela i *AIDS FREE GENERATION*.

Amathemba amakhulu sesiwabeke ku UKHOZI FM ukuthi basilekelele ekugquguzeleni abantu ukuthi abeze bazozihlola. Umkhankaso wethu lona inqikithi yawo [theme] ithi:

Knowledge is Power: Know your Status

Kubalulekile ukuthi ngisho ukuthi abantu besilisa basicékela phansi uma sibheke ezempilo. Loku kufaka lona udaba lokuzihlola kuphinde kudlulele ekulashweni kwezifo zocansi. Siyangxusa kuloku ukuthi ake bahambe phambili kulomkhankaso, mabeze ngobuningi babo baphinde batshele nabanye ukuthi impilo iyanakekelwa.

Abahlali bale District yase Zululand kuhle bazi ukuthi lapha uMnyango wezeMpilo unazo ngokwanele **izikhungo zokwenza i Voluntary Counselling and Testing** njengaloku sezandisiwe zaba ngu 28. Loku ngaphezu kwezikhungo zethu eziyenzayo i VCT okufaka:

- 7 hospital and
- 54 clinics

Umnyango futhi usuphinde waqhasha ama **Lay Counsellors** azokwazi ukumelana nabantu abafuna lolusizo, uma kukhona isidingo sikulungele ukuqhasha abanye.

Ngaphezu kwaloko, kuyo leDistrict sinama **Non Medical Sites** amathathu:

- **Princess Mandisa** esendaweni yaso Ulundi
- **Lethimpilo** eseMondlo, kanye
- **St David Church** esiyivulayo lapha e Bhekuzulu namhlanje.

Thina esibadala esesiqalile ngalomshikashika wocansi, zimbili izinto engizozisho ukuthi zibalulekile kinina ngaphandle kokuzihlola:

- Be faithful to your partner
- Condomise each time you engage in sexual activity.

Kubantwana bethu abasakhula nabacula ivangeli elithi *2010 I want to be there* ngithi loko kuzofezeka uma bezithiba!

Delay sexual activity.

I thank you.